

SIQINISEKISIWE ISIVUMELWANO SAMAHOLO SEMINYAKA EMI-3 PHAKATHI KWABAKWA-SARS NE-NEHAWU NE-PSA

PRETORIA, ngoLwesibili, mhla zi-2 kuMbaso 2019 - UPhiko lweziMali eziNgenayo eNingizimu Afrika (SARS), i-National Education Health & Allied Workers Union (NEHAWU) kanye ne-Public Servants Association of South Africa (PSA) bavumelene ngesivumelwano seminyaka emi-3 sokunyuswa kwamaholo ngo-8% emholweni wonyaka i-Guaranteed Total Packages wabasebenzi abangaphansi kweziNyunyana kulo nyaka, okuzoqala mhla zi-1 kuMbaso 2019.

Iminyaka emibili elandelayo yeSivumelwano, iphesenti lokunyuka komholo lizonqunywa ngokwe-CPI ebikezelwe ihlanganiswe no-2%.

Lokhu kuqeda isiteleka ebeseqhubekwe izinsuku ezimbili ngesonto eledlule.

Isivumelwano siphinde sibandakanye:

- Ukunyuka kwamanani emihlomulo yokusebenza isikhathi eside ngo-8% ngonyaka wezi-2019, uphinde unyuke ngephesenti elifanayo nelokunyuka komholo eminyakeni elandelayo.
- Isilinganisonani sokungena ngezikhathi ezingefani ngehora sizokwenyusa ngendlela efanayo, kuzoba u-8% ngonyaka wezi-2019, bese sinyuka ngephesenti elifanayo nelokunyuka komholo eminyakeni elandelayo.
- Ukwethulwa kohlobo olusha lwekhefu olwazi ngeKhefu llokuyoXukuza/langaphambi kokubeletha nokuyogoma lezinsuku ezi-8 kubasebenzi abafanelekayo.
- Ukwethulwa kweminyaka emibili yekhefu eliqondene nomndenani elibizwa nge-Family Responsibility Leave, lapho abasebenzi bengasebenzisa izinsuku ezi-5 abazinikiwe ngonyaka. Lesi siwombe sekhefu sizoqala ngonyaka wezi-2019.

SARS, NEHAWU ne-PSA baphinde bavumelana ngokuthi ezinye izinto zidluliselwe kusithangami sikwazwelonke i-National Bargaining Forum ziyodingidwa khona:

- Ukubuyekezwa kwenqubomgomo yemiHolo maqondana nemigomo yokunyuselwa imiholo.
- Izinhlobo ze-GTP Cash Allowance ezikhona abasebenzi abangakhetha kuzo.
- Izinhlobo zeMishwalense yesiKhathi esiFishane okumele kuxoxwe ngazo kubahlinzeki bosizo abangakwazi ukuhlinzeka abasebenzi bakwa-SARS amanani afinyelelekayo.
- Izinhlobo zebhondi yeNdlu okumele kuxoxwe ngazo kubahlinzeki bosizo abangakwazi ukuhlinzeka abasebenzi bakwa-SARS amanani ebhondi afinyelelekayo.
- Izinhlelo zoSizo lwezoKwelashwa okumele kuxoxiswane ngazo ukuze kukhulunywe ngezingqinamba ezikhona manje.
- Ukubuyekezwa kokuhlinzekelwa inqubomgomo yeKhefu lokuGula kwesihathi eside ukuze kubhekwane nezingqinamba ezikhona manje.
- Ukubuyekezwa kwenqubomgomo yokuQasha ukuze kubhekwe ukubandakanywa kokunyuselwa esikhundleni esiphezulu.
- Ukubuyekezwa kokuhlinzekelwa yinqubomgomo yemiFundaze uma kukhulunywa ngemifundaze yabathembele kuwe.
- Ukucabanga into yokubonga abasebenzi njengeSipho sokuPhuma uma usuthatha umhlalaphansi i-Retirement Exit Gift engalingana no-R2000, uma kufika isikhathi esibekiwe sokuthatha umhlalaphansi esiyiminyaka engama-65.

Izinhlangotho zizinikele ekusebenzisaneni ekuthuthukiseni amazanga okukhiqiza, ukuthuthukisa ukungena kwemali engenayo kanye nokunyusa amazanga okuthobela.

Abakwa-SARS bayabonga ngokuzinikela okukhonjiswe yizinhlangano kule nqubo, kanjalo nendlela eyakhayo okusonjululwe ngayo izingxoxo ngemiholo ukuze kulethwe uzinzo esikhungweni.